BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 www.bu.edu/Africa/alp africa@bu.edu 617.353.3673

# Isaga 6 : Izandla Ziyagezana

## Characters

| | |
|---|---|
| Inkosikazi: | Sinethemba Shezi |
| Umyeni / uBhengu: | Celani Zwane |
| Isihambi / uNdlovu: | Mdu Zondi |
| Umabhalana: | Nomfundo Cele |
| Umfana: | T.Q. Zondi |

## Transcript

*Part 1*

| | |
|---|---|
| Inkosikazi: | Uyayazi nje kodwa into oyenzayo? |
| Umyeni: | Hhayi kona noma ngingakaze ngiyithinte nje nkosikazi kodwa mhlampe nje ngizo…mhlampe nje yinto encane nje ephumile emotweni. |
| Inkosikazi: | Sidinga ukuthi sihambe manje. |
| Umyeni: | Hhayi okeyi, Ngiyethemba nkosikazi ukuthi ngoba le moto ibiraythi nje, ngicabanga ukuthi izolunga khona maduzane nje. |
| Inkosikazi: | Ngiyacela bandla, usheshise. |
| Umyeni: | Awuthi kengibheke la nkosikazi. |
| Isihambi: | Hhawu, nsizwa enye. |
| Umyeni: | Yebo mfowethu. |
| Isihambi: | Kunjani mfowethu? |
| Umyeni: | Hhayi kuyancengeka. |
| Isihambi: | Engathi insizwa ibhekene nenkinga lana. |
| Umyeni: | Yebo, hhayi nginekinga nje ngale moto, ibihamba, manje angazi ukuthi sekuvele kwenzeka njani, ivele yama, ayisavuma kwakuduma-ke nhlobo manje. |
| Isihambi: | Hhawu mfowethu, usubafonele abe..abebreakdown? |
| Umyeni: | Hhayi, bengingakabathinti bona, ukuthi bengisathi angiqale, bengithi mhlampe yinto encane, mhlampe ezosheshe ilunge maduzane. |
| Isihambi: | Orayithi, ngicabanga ukuthi bathinte. Eee…yini enye futhi engingakwenzela yona? |
| Umyeni: | Ongangisiza ngayo ukuthi uma ungangithathela unkosikazi ungiphuthumisele yena esibhedlela nje mfowethu. |

| | |
|---|---|
| Isihambi: | Okeyi, okeyi, kusho ukuthi ake nilumane indlebe nomama wasekhaya, mina sengingamphuthumisa esibhedlela ukuze ube ulinda iblekdawuni. |
| Umyeni: | Okeyi, ake ngikhulume naye. Yebo nkosikazi, ya, bengizocela, nangu umfowethu engathi angasizisa la. Ngizomcela ukuthi akuthathe wena akuphuthumise le esibhedlela. Mina ngizofona nginilandele. |
| Isihambi: | Angisabuzanga mfowethu, ubani isibongo? |
| Umyeni: | Hho, uBhengu isibongo. |
| Isihambi: | Hho, Ngcolosi. Hhayi mina nguNdlovu, uGatsheni, uboya benyathi obusongwa bungasombuluka… |
| UBhengu: | Hhayi ngiyezwa mfoka…mfoka… |
| UNdlovy: | MfokaGatsheni. |
| UBhengu: | Yebo Gatsheni. |
| UNdlovu: | Orayithi, Angisale sewunginikeza inamba yakho, ukuze sixhumane, sithole izinamba. |
| UBhengu: | 83 |
| UNdlovu: | 83 |
| UBhengu: | 996 |
| UNdlovu: | 996 |
| UBhengu: | 44 |
| UNdlovu: | 44 |
| UBhengu: | 70 |
| UNdlovu: | 70. Eyakho mfowethu? Eee…ee…eyami. |
| UBhengu: | Eyakho. |
| UNdlovu: | 76 |
| UBhengu: | Yebo-ke. |
| UNdlovu: | 549 |
| UBhengu: | Yebo. |
| UNdlovu: | 2511 |
| UBhengu: | 2511, hhayi, ngiya..ngiyabonga kakhulu mfowethu. |
| UNdlovu: | Ngicela ukumthatha-ke umemu, ngihambe naye, asihambe-ke. |
| UBhengu: | Ngizonithinta-ke emoyeni, nginitshele ukuthi kuhamba kanjani. |
| Ndlovu: | Kulungile, siyabonga.. uzizwa unjani kodwa, hhawu Nkosi yami…. |

*Part 2*

| | |
|---|---|
| Umabhalana: | Ngena. |
| UNdlovu: | Sawubona nkosazane. |
| Umabhalana: | Yebo, sanibona baba, ningahlala phansi.Siyaphila ninjani nina? |
| UNdlovu: | Siyaphila. |
| Umabhalana: | Yebo, nginganisiza ngani baba? |
| UNdlovu: | Ndodakazi, ngihamba nomfana wami lapha, ngizofuna isikhala, uzokwenza lokhu okuthiwa yiB.Com. Siyazi ukuthi sekuleyithi,kodwa sicela nilale phe'yi kwethu. |
| Umabhalana: | Kona, vele isikhathi sesihambile, kodwa ngizoke ngikhulume nomphathi, mhlawumbe anganibona animpintshise kancane. |
| UNdlovu: | Sikhulumele ntombazane yami. |
| Umabhalana: | Yebo …Sawubona Solwazi uBhengu, yebo baba. Baba kukhona ubaba lapha ocela ukukubona mayelana nesikhala sokufunda…yebo baba…ngimtshelile ukuthi isikhathi asisihle…yebo… ngizomchazela. Bye. |
| UNdlovu: | O, Nkosi yami! |
| Umabhalana: | Baba, yena uthe ngenhlanhla uzokwazi ukunibona ngoba unaso isikhashanyana esincane. Am…ngicela niphuma ngalana, esandleni sokudla nje uma niphuma la ephaseji, esandleni sokudla umnyango wokuqala, ihhovisi lakhe ubaba. |
| UNdlovu: | Hhawu sibonga asinconcozi asazi singathini, uyadela owazi unyoko ngoba wakukhulisa kahle ekhaya mntanami siyabonga. |
| Umabhalana: | Yebo baba nihambe kahle, engathi kungalunga. |
| UNdlovu: | Nkosazane emhlophe. |
| Umabhalana: | Yebo. |

*Part 3*

| | |
|---|---|
| Ndlovu: | Sawubona mhlonishwa. |
| UBhengu: | Hhawu. |
| UNdlovu: | Engathi ubuso ngiyabazi. |
| UBhengu: | Hhawu, akusiye uMfokaGatsheni lo engimbonayo? |
| UNdlovu: | Hhayibo, owa…Ngcolosi. Mfowethu. Kunjani baba? |
| UBhengu: | Hhayi kuyancengeka. Kunjani kuwena? |
| UNdlovu: | Hhaawuu…i'ntaba a'yihlangani kodwa abantu bayahlangana. |
| UBhengu: | Hhawu! |
| UNdlovu: | Mfowethu, hawu mani ngiyakhumbula sisizana ngala imvula… ufelwe yimoto nemvula ina mawala, umama wasekhaya ngaze ngamthatha ngamshiya esibhedlela. |
| UBhengu: | Hhawu wangisiza kakhulu MfokaGatsheni, wangisiza kakhulu. |

UNdlovu: Ehhe…kwahamba kanjani kodwa? Umama wasekhaya Ehhe…kwahamba kanjani kodwa? Umama wasekhaya.

UBhengu: Kwahamba kahle ngoba wagcina ethole undodana.

UNdlovu: Wathola insizwa. Wadla Ngcolosi ungasaqali. Mfowethu mani hhayi bo, ngihamba ngokuhlupheka lana ngihamba ngosizi angazi noma ungangizwela yini. Ngihamba nomfana wami lapha, siyazi sekuleyithi, uzofuna isikhala sokufunda uzokwenza iBCom.

UBhengu: Ya…

UNdlovu: Siyazi sekulethu Ngcolosi kodwa mfowethu sale usulala phe'yi kwethu, isiZulu sisho njalo…

UBhengu: Hho, kanti njengoba ngithola ucingo oluqhamuka ngalena kanti nguwe lo kanti ozama ukuthola indawo.

UNdlovu: Yimi..yimi.. yimi. Ngcolosi omkhulu.

UBhengu: Hhawu Gatsheni ngoba uma kunguwe, noma isikhathi sona besesi…sesingesihle…

UNdlovu: Sesibheda, ngiyabona, ngiyabona.

UBhengu: Sesibheda isikhathi, kodwa ngoba undodana wakho hhayi sizozama ngingazama ngayo yonke indlela ukuthi hhayi angene asithole isikhala.

UNdlovu: Usesitholile isikhala mfowethu?

UBhengu: Ngoba owakho nje , ngiyozama ngayo yonke impela indlela.

UNdlovu: Hhawu Ngcolosi, Baqinisile abadala uma bethi izandla ziyagezana, usugeze esami mfowethu, ngangigeza esakho namhlanje usugeza esami.

UBhengu: Hhayi kunjalo emhlabeni, ngeke uphile wedwa mfokaGatsheni.

UNdlovu: Ngcolosi omkhulu, kusho ukuthi-ke mfowethu, angikushiye naye-ke umfana ukuze-ke nizokwazi ukwenza iminininingwane ngoba nami ngisaphuthuma etohweni, ndodana sala-ke ukuze nikwazi ukubonana-ke no..noMnumzane nenze konke. Angithi uziphethe zonke izimfanelo zakho izitifiketi nayo yonke into?

Umfana: Kukhona konke.

UNdlovu: Nemali ngikunikezile? Uzongithola ocingweni-ke ndodana. Ngiyabonga-ke.

UBhengu: Hhayi akunankinga sesiyotholana ocingweni nawe mfo kaGatheni.

UNdlovu: Ngcolosi omkhulu, umkhulu wena.

UBhengu: Yebo ndodana.